**<u>INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KWEBHULOHO LOMFULA UMKHUZE KWANGENETSHENI MHLAKA 18 OCTOBER 2013.</u>**

**Mphathi wohlelo;**

**INkosi uNdabezitha;**

**AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;**

**Uzakwethu uDkt Dhlomo;**

**IMeya yabaQulusi udadewethu uKhansela uKhaba;**

**Amakhansela wonke;**

**Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;**

**Ubuholi bonke obukhona ngezigaba ezahlukene;**

**Bese ngithi emphakathini wonke ngiyanibingelela.**

Ukuza kwethu lapha namhlanje kuyingxenye yomkhankaso wethu esiwenzayo njengoba kuyinyanga ka-October, okwavunyelwana ezingeni likazwelonke ukuba inikezelwe ekubeni yinyanga yezokuthutha.

Ngale nyanga yezokuthutha sisuke sigxile kuzo zonke izinto ezithinta ezokuthutha okuhlanganisa ingqalasizinda kanye nezokuphepha emgwaqeni.

Kodwa futhi ngifuna ukucacisa emphakathini walapha ukuthi ngaphandle kokuthi sisenyangeni yezokuthutha, vele njengoMnyango wezokuThutha nanjengoHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguKhongolose sihlale sinezinhlelo eziningi zokuya kubantu ukuze siphuthumise izidingo.

Yingakho phela sibona uDinangwe ekanye nathi lapha naye ezoqinisekisa ukuthi abantu basemakhaya bayazithola ezempilo njengoba kuyilungelo labo eliqinisekiswa nawuMthethosisekelo.

NjengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal silokhu siqhubekile nombhidlango wokuqinisekisa ukuthi abantu bayakwazi ukuxhumana esifundazweni sonke futhi bakwazi ukufinyelela ezindaweni abadinga ukuya kuzona.

Yingakho-ke namhlanje sithi namhlanje sihalalisela abantu baKwaKhambi naKwaMbhudula ngalokhu esikuthatha njengokunqoba kwabo. Siyazi ukuthi bese kunesikhathi eside ninenkinga yokuhamba kule ndawo, kodwa umzabalazo wenu usuthela izithelo manje.

Sithi sibonga umzabalazo wenu ngoba siyazi ukuthi lo msebenzi esesiwubona namhlanje usuhlangabezane nezingqinamba eziningi njengokuthi kube nabagweva nendawo yokuba kunqamule umgwaqo ngoba kuyindawo yabo e-private.

Kodwa-ke nathi njengohulumeni siyaqinisekisa ukuthi sizohlale silekelela ukuba kusuke noma yini evimba endleleni yenu yokuba nithole impilo engcono.

Kulo mcimbi wanamhlanje sethula ngokomthetho ibhuloho esilakhe emfuleni uMkhuze eliyingxenye ye-project yakwaMbhudula Road esihlose ngayo ukuxhumanisa imiphakathi, ikwazi nokufinyelela ezindaweni zosizo ezibalulekile njengezikole nemitholampilo.

Njengoba ngisho, ukwakhiwa kwaleli bhuloho kuhambisana nokwakhiwa komgwaqo u-D579 esiwufaka itiyela elingu-11.5 km kanye namanye amabhulohwana amancane esithi ama-causeway. Imali esiyitshale kulo msebenzi isiyonke ibalelwa ku-R58.392 million.

Lolu hlelo lwalo msebenzi, njengoba abaningi ababekhona bazi, saluqala ngonyaka ka-2008. Besilokhu sifaka amakhilomitha athile njalo ngonyaka wezimali njengoba manje sesisesigabeni sika-2.5 km wokugcina esifake kuwona u-R10 million ngalo nyaka wezimali.

Ibhuloho lona siliqale ngo-June wonyaka odlule saliphothula ngo-June futhi kuwona lona ka-2013. Sifisa ukubongela nabantu bakithi abakwazile ukuhlomula ngamathuba emisebenzi namakhono ngenkathi kuqhubeka lo msebenzi.

Sihlale sikuveza nakwezinye izindawo esihamba kuzona ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo angawesikhashana futhi nathi sisuke singathanda ukuba abe ngawanomuphela.

Kodwa ngoba asuke eqondaniswe naleyo project eqhubekayo endaweni ngaleso sikhathi, siyaye sibonge ukuthi abantu bakithi basala sebenamakhono abangawesebenzisa uma sebefuna umsebenzi nakwezinye izindawo esikhathini esizayo.

Njengoba sibala le ntuthuko-ke namhlanje, akhona namanye ama-project aqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe, ikakhulukazi lapha ngaphansi kukaMasipala waBaqulusi esikuwona namhlanje.

Kulo nyaka wezimali kunemali engu-R5.1 million esiyifake ekwakhiweni kwemigwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-access road. Lapho sibala uGudu Local Road kweseNkosi uMdlalose, uSokoyi eNkosini uZondo, uMhlabaneni eNkosini uZulu noBanakille eNkosini yaKwaMthethwa.

Naleyo ekhona yobhuqu edinga ukulungiswa ifakwe inkwali kabusha ikhona imali esiyifakile engu-R16.750 million esizayo ukuba ilungiswe sikhuluma nje.

Kuleyo migwaqo kukhona u-D23, u-D34, u-D35, u-P258 ext (eNceceni) yonke ekweseNkosi yaKwaMdlalose. Bese kuba u-P487 eNkosini uZondo, u-P219 eNkosini uZulu eGazini, no-D422 khona lapha KwaKhambi.

Ngenxa yomonakalo esiwudalelwa yizimvula kanye nobudala bemigwaqo yethu, sinalo futhi uhlelo oluqhubekayo lokuphesha leyo migwaqo yetiyela etholakala isinemigodi lapha eBaqulusini ukuze kuhambeke kahle ngokuphepha.

Lapho sibala u-P34/4, P221, P46/1, P46/2, P46/3, P463 no-P47/1 yonke eku-Ward 15, 16, 19 no-22. Imali esiyifake lapha khona ingu-R6.550 million kulo nyaka wezimali.

Konke lokhu esesikubalile lapha kusho ukuthi uma ungakaboni mnyakazo endaweni yakho ibe ibaliwe lapha, usuzokwazi ukuthi uMarch ka-2014 uyophela usubonile okwenzekayo.

Uma sihlanganisa nemisebenzi emikhulu, esithi ama-capital project, eqhubeka ngaphansi kwaBaqulisi kulo nyaka sifake imali engu-R140 million.

Phakathi kwama-project amakhulu singabala ibhuloho lezinyawo emfuleni iMfolozi eMnyama endaweni yaseZwathi, u-P49-2 kusuka lapha ngaseNgome ubheke KwaNongoma, iLenjane River Bridge ku-P47 oxhumanisa iVryheid neMelmoth bese kuba INkongolwane Pedestrian Bridge khona lapha KwaKhambi.

Uma sesibheka futhi nangokwesifunda sonke saseZululand imali esiyisebenzisayo kuyimanje kulo nyaka wezimali, ifinyelela ku-R320 million.

Kuyo yonke le misebenzi sithanda ukuphinda sibongele omama bakaZibambele abalokhu behlomula uma siletha le ngqalasizinda.

Mangiphethe ngokuthi konke-ke lokhu esikuchazayo sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo.

Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Ngakho-ke siyaninxusa ukuba njengomphakathi niqhubeke nibambisane noHulumeni ngezinhlelo zentuthuko ezilethwa kunina. Siyazi ukuthi yinina eningabavoti enisinike amandla okusebenzisa izimali zenu njengabakhokhi bentela sivale igebe lokungalingani silwe nobuphofu ngendlela evulelekile ebonwa izwe lonke.

Phela uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu baseNingizimu Afrika.

**Ngiyabonga**